Uyini UMbuso KaNkulunkulu? (Ingxenye 1)

Sisekelwe esahlukweni 8 sencwadi ethi *Lifundisani Ngempela IBhayibheli?* etholakala engosini ethi jw.org/zu.

INJONGO: Hlola lokho okukholelwayo nokuthi kungani ukukholelwa, hlola lokho okufundiswa iBhayibheli futhi ubone ukuthi ungazichaza kanjani izinkolelo zakho kwabanye.

KUNGANI ABABUSI BOMBUSO KANKULUNKULU BEYIFANELEKELA KAHLE INDIMA YABO?

1 HLOLA IZINKOLELO ZAKHO

Ucabanga ukuthi abanye bangathini?

Yini *wena* oyikholelwayo?

Kungani ukukholelwa lokho?

www.jw.org/zu © 2015 Watch Tower Bible and Tract Society of Pennsylvania

2 HLOLA LOKHO OKUFUNDISWA IBHAYIBHELI

UJesu uyiNkosi ephakeme kunawo wonke.

(Bheka isahluko 8 sencwadi ethi *Okufundiswa IBhayibheli*, izigaba 1-7.)

Funda eyoku-1 Thimothewu 6:15, 16.

La mavesi akubonisa kanjani ukuthi uJesu uyokwazi ukufeza okuningi kakhulu ukudlula noma yimuphi umbusi?

Funda u-Isaya 11:2-4.

Lesi siprofetho sabikezelani mayelana nohlobo lombusi uJesu ayeyoba yilo?

UJehova uye wakhetha abantu abahlukene abanezizinda ezingafani ukuba babuse noJesu

www.jw.org/zu © 2015 Watch Tower Bible and Tract Society of Pennsylvania

UJehova ukhethe ababusi abangakwazi ukuzwelana nathi.

(Bheka isahluko 8 sencwadi ethi *Okufundiswa IBhayibheli*, izigaba 8-10.)

Funda isAmbulo 5:10 no-14:1, 4.

Ngokwalokho okushiwo yila mavesi, obani abanye abayobusa noJesu?

Sazi kanjani ukuthi labo abayobusa kanye noJesu bangaziqonda izinselele esibhekana nazo? (Umkhondo: Phinda ufunde ingxenye yesibili yesAmbulo 14:4b; qhathanisa neyoku-1 Korinte 6:9-11.)

Yini ekwenza uqiniseke ukuthi uJesu nabangu-144 000 bangababusi abafaneleka kahle boMbuso kaNkulunkulu?

www.jw.org/zu © 2015 Watch Tower Bible and Tract Society of Pennsylvania

3 CHAZA IZINKOLELO ZAKHO

UMA UMUNTU ETHI . . .

UJesu waphila futhi wafa ezinkulungwaneni zeminyaka edlule. Ayikho indlela angakuthinta ngayo ukuphila kwami namuhla.

UNGASE UPHENDULE . . .

Abantu abaningi bangase bavumelane nalokho okushoyo. Kodwa engikukholelwayo kuhlukile ngoba . . .

_____

Imuphi umBhalo ongawufunda nalowo muntu?

_____

Ukhumbula ukuthi umbono wakhe uyini ngale ndaba, ungabonisana kanjani naye usebenzisa lowo mBhalo?

_____

UMA UMUNTU ETHI . . .

Ziningi kabi izingelosi ezulwini, manje angisiboni isizathu sokuba kukhethwe abangu-144 000 kubantu abasemhlabeni.

UNGASE UPHENDULE . . .

Kuyiqiniso ukuthi ziningi izingelosi ezulwini. Kodwa ngikholelwa ukuthi zikhona izinzuzo zokuba kube nabantu abathathwe emhlabeni abazosibusa ngoba . . .

_____

_____

Imuphi umBhalo ongawufunda nalowo muntu?

_____

Ukhumbula ukuthi umbono wakhe uyini ngale ndaba, ungabonisana kanjani naye usebenzisa lowo mBhalo?

_____

www.jw.org/zu © 2015 Watch Tower Bible and Tract Society of Pennsylvania